

Inkanyiso, 6 September 1890

NEWSPAPER: *Inkanyiso*
DATE: 6 September 1890, p4.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso*.)

MNGANE, -Ngicela ukuba ungivumele kengiponse libe linye ku Mhlotshana ngabantu “abansundu.”

Izwi lokuti sing’abantu “abamnyama” kambe liqiniswe nje kubantu ngala’mazwi alandelayo. Kutiwa enkosini inxa ikulekelwa “Bayete, wena u mnyama,” noma injani noma injani ngobuso. Kepa u Dingane way’ebomvu, noko kwakutiwa “wena u mnyama.” Uma wab’etsho noyedwa ati “wena ubomvu,” wab’eyakubulawa masinyane kutiwe utuka inkosi.

Kutiwa umuntu obomvu kanaso isitunzi, u lula, kafani nomuntu omnyama. Ngaloko leli lizwi lokuti “umuntu omnyama” lihle kwabakiti. Kodwa izwi lokuti abantu “abantsundu,” liveza kahle umbala wetu esiy’iwo, lifanele ukutshiwo, ngoba pela si ntsundu, asi mnyama: ukuti si mnyama ku ng’umkuba nje wokutsho.

Ngi ng’owakini M. MAGWAZA
P. M. Burg, Sept. 2, 1890

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.